

# Ukuzwana Nezingane Zakini

“Qhubekani nibekezelelana futhi nithethelelana ngokukhululekile uma umuntu enesizathu sokukhononda ngomunye.”—Kolose 3:13.

Ukuhlakulela ikhono lokuxazulula izingxabano kubalulekile, futhi kuhle ukuqala ekhaya. Sebenzisa imibuzo engezansi ukuze ubone, uhlaziye futhi uxazulule ingxabano yakho nengane yakini.



## BONA UKUTHI YINI INKINGA

Iyiphi ingane yakini okuthola kunzima kakhulu ukuzwana nayo?

---

Yini evame ukunibanisa?

---

Ngokuvamile iqala kanjani ingxabano?

*Ingane yakithi iye i- . . . (chaza ekwenzayo)*


---

*okungenza ngi- . . . (chaza okwenziwa nguwe)*

---

*bese kubangela uku- . . . (chaza umphumela)*

---



## HLAZIYA INKINGA

**IBHAYIBHELI LITHI:**  
“Ningakhathaleli nje kuphela izindaba zenu siqu, kodwa fu-  
thi nikhathalele neza-  
banye.” (Filipi 2:4)  
Ucabanga ngalokho,  
zama ukubheka ingxa-  
bano yenu ngeso le-  
ngane yakini.

Yini okungenzeka ingane yakini ibiyicabanga ngesikhathi nixabana?

---

---

---

Uma ingane yakini ibingaxoxa okwenzekile ngokombono wayo, ibingathi *wena* ube nayiphi indima enkingeni?

---

---

---

Iziphi izinto ongazivuma embonweni wengane yakini?

---

---

---



## XAZULULA INKINGA

Ingabe ningaxoxa noma nihlangabezane ngandlela-thile? Uma kunjalo, ubungathi akwenziwe kanjani?

---

---

---

Yini *wena* ongayenza ngokuhlukile ngokuzayo ukuze ukungavumelani kungaphenduki ingxabano enkulu?

---

---

---



---

## UHLU LWEZIMISO ZEBHAYIBHELI

Izimpi izimiso kwezisohlwini olungezansi ongazisebenzisa ngokuzayo lapho niba nengxabano efanayo?

- “Thandanani kakhulu ngokusuka enhliziyweni.”—1 Petru 1:22.
- “Ukucabangela kwenu makwaziwe.”—Filipi 4:5.
- “Ungasheshi ukucasuka emoyeni wakho, ngoba ukucasuka kuhlala esifubeni seziphukuphuku.”—UmShumayeli 7:9.
- “Ukuqala kombango kunjengomuntu ovulela amanzi; ngakho ngaphambi kokuba kuqhume ingxabano, hamba.”—IzAga 17:14.
- “Lapho kungekho zinkuni umlilo uyacima, nalapho kungekho mnyundeli umbango uyaphela.”—IzAga 26:20.
- “Kungani ubheka umucwana osesweni lomfowenu, kodwa ungacabangi ngogongolo olukwelakho iso?”—Mathewu 7:3.

Manje bhala into eyodwa oyithandayo ngengane yakini.

---

## YINI WENA ONGAYENZA?

### IBHAYIBHELI LITHI:

“Kukhona ophahluka njengokuhlaba kwenkamba, kodwa ulimi lwa-bahlakaniphile lungukuphulukisa.”—IzAga 12:18.

“Lapho ubaba elaliswe esibhedlela isikhathi eside, kwakunzima kimi ukumvakashela ngoba ngangingakwazi ukushayela imoto. Ngatshela umfowethu ukuthi ngifuna ukuthola izincwadi zokushayela, kodwa wathi akanaso isikhathi sokungifundisa ukushayela. Ngisho noma sengimchazela ukuthi kungani ngikudinga, wavela wanganginaka, nenkinga yami kwaba sengathi akayiboni. Ngavele ngahlanya, ngatshela umfowethu ukuthi vele akanandaba nokuthi angikwazi ukuyobona ubaba nokuthi akacabangi ngokuthi mina ngizizwa kanjani. Lokho kwamthukuthelisa kabi. Sathethisana, omunye ethi omunye uzicabangela yena.”—UKarina.

Ukuba ubunguKarina, wena wawuyosixazulula kanjani lesi simo?

---

---

---

**LOKHO UKARINA AKWENZA:** “Ngakusasa ekuseni, mina nomfowethu sakhuluma. Waxolisa ngokuthukuthela ngaleya ndlela futhi wangi-xoxela ukuthi ucindezeleke kangakanani. Ngangingazi ukuthi wayebhekene nezinto ezingaka. Ngemva kokuba engixoxele ukuthi uzizwa kanjani, ngaxolisa ngokuzama ukunezela ezintweni azithwele. Ngiyazi ukuthi ngangiqonde ukwenza into enhle, kodwa kwakungesona isikhathi esifanele sokuyiveza.”

